



# IZIMPAWU ZOQUQUKO OLUNQALA KWEZOMNOTHO KUZONA ZONKE IZINHLELO

UMNYANGO uqinisekile ukuthi kunezimpawu zoguquko olungala lwezomnotho iRadical Economic Transformation (iRET) ezibonakala kuzona zonke izinhlelo zayo. Olunye lwazo yiSiyakha Incubation Programme, ehlose ukucija osonkontleka abasafutusa. Lolu hlelo lwenzelwe abantu abathile (intsha, abantu besifazane, abakhubazekile namasosha omzabalazo) ngokuwalungiselela ukuthi akwazi ukubamba iqhaza ohleweni lomnotho lonke emkhakheni wezokuhlaliswa kwabantu. Izinkampani ezingu-201 zonke ziphumelele esigabeni sokugala sokuhlolwa. Ngokohlelo lokuhlomisa izinkampani ezincane nezisafutusa neKET, umnyango ushintsha ukuma komkhakha wezinto zokwakha. Loku kwenziwa ngokubheka izinkampani ezisafutusa nemifelandawonye esendimeni yokudayisa izinto zokwakha, ngale kokwehlisa izinga lezinto zokwakha. Lezi zinkampani ezisafutusa nemifelandawonye, okukhona kuzona lezo abanikazi bazo okungabakhethiweyo, zizothola amakhono adingekayo ngokwe-EPWP Skills Development Programme.



Inhloko Yomnyango u Mnu. Mdu Zungu ithatha imibono yosomabhizinisi abasha kwi-Human Settlements Youth Summit (ngaphambi kwenibandela yeCovid-19). iSiyakha Incubation Programme yasunguleka ngokwesinqumo esathathwa kule ngxoxo.



## SIPHOKPHELE EZINDAWENI ZOKUHLALA EZINOBULUNGISWA

UKUGAGULWA kwezindawo ezingu-22 amaPriority Human Settlements and Housing Development Areas (amaPHSHDA) ezifundeni ezehlukene eKZN kuzoshintsha isimo sezindawo zokuhlala ngokuhlukaniswa ukuze zifake abantu ababencisheke ithuba, kuthi ngaleylo ndlela kube nobulungiswa ngokwenhlobo Loku kuzosebenzisa izikhala ezikhona ngenhlelele efanele, kuphucule ukukwazi ukufinyelela nokuthola amathuba omnotho nawengqalasisizinda, kwenze kube nezinhlobo zezindlu ezehlukene zezinga eliphuzulu kubantu abehlukene.

## ITHIMBA LABELULEKI LEZEZINDLU

KUNOMKHANKASO osugalile wokukhangisa ngezikhala zokukhethwa kwabantu abazoba sethimbeni labeluleki ngezindaba zentluthuko kwezokuhlala. Leli thimba lamalungu ayisithupha longoti abahloniswayo ezindaweni zokuhlaliswa kwabantu lizolekelela uNggongqoshe Wezokuhlaliswa kwabantu ngezinto eziningi ezithinta ukuhlinzekwa komphakathi wumnyango.



**KWAZULU-NATAL PROVINCE**  
HUMAN SETTLEMENTS  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



**GROWING**  
KWAZULU-NATAL  
TOGETHER



(033) 392 6400 / (031) 336 5300

[www.kznhts.gov.za](http://www.kznhts.gov.za)

KwaZulu-Natal Department of Human Settlements

kznhts



0800 701 701